

Vuk'uzenzele

Produced by: Government Communication & Information System (GCIS)

English / isiZulu

June 2020 Edition 1



**Matric
rewrite
exams
rescheduled**

Page 4



**Over-
crowding
to be
reduced**

Page 13

SASSA rolls out Social Relief of Distress Grants

APPLYING for the special R350 coronavirus relief grant will be easy and paperless.

More Matshediso

The Department of Social Development has relooked at and strengthened the criteria and payment methods for the COVID-19 Social Relief of Distress Grant.

Qualifying applicants of the new grant will receive R350 per month from May to October 2020.

The applicant should be a South African citizen, permanent resident or refugee registered on the Home Affairs system and living within the borders of the Republic of South Africa.

Department of Social Development Minister Lindiwe

Zulu says the full-scale implementation of the new grant is currently under way, following the successful pilot test of a contactless application system.

"We have set up a dedicated WhatsApp line, after having tested the concept through the Department of Health's WhatsApp platform," she says.

According to the department, 15 000 applications were loaded onto the system during the test phase and all qualifying applications were due to be paid by 15 May.

Minister Zulu says the department will remain vigilant and not tolerate any form of fraud and corruption.

"We have thus built in strong cyber security and monitoring

mechanisms in this regard. All instances of suspected fraud or corruption will be investigated thoroughly," she says. Appropriate action will be taken if misconduct is established.

How to apply

The special COVID-19 Social Relief of Distress Grant will be implemented in terms of the existing avenue provided for by the Social Relief for Distress channel, which is

Minister of Social Development Lindiwe Zulu says the department will not tolerate any form of corruption related to the COVID-19 Social Relief of Distress Grant.



• Cont page 2



To read Vuk'uzenzele download the GOVAPP on:



Search for SA Government on Google playstore or appstore

CONTACT US

Website: www.gcis.gov.za
www.vukuzenzele.gov.za

Tshediemosetso House:
1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 00083



Vuk'uzenzele



@VukuzenzeleNews

Email: vukuzenzele@gcis.gov.za
Tel: (+27) 12 473 0353

FREE COPY NOT FOR SALE



Intando yeningi yethu izosisiza ukunqoba i-COVID-19

Sihlale siyithatha ka-nqane intando yeningi yethu enempi-lo nenamandla. Kodwa ibe kuyiyona nto esinayo kulo mzuzu esikuwo wokuzabala-laza ukunqoba ubhubhane lwegciwane le-corona.

Sinezakhamu-ezibanda-kanyayo kwipolitiki emhla-beni. Inhlollo yangowe-2018 eyenziwa i-Pew Research Center ibonisa ukuthi abantu baseNingizimu Afrika bazimisele ukuthatha isinyathelo sezepolitiki ngezindaba ezibaphethe kabi kakhulu, njengosizo lwezempi-lo, ezemfundo, ukukhuluma ngokukhululeka kanye ne-nkohlakalo.

Inhlollovo iqinisekisa okuningi esesivele sikhazi ngathi. Akukho okusithokozisa njengokuzibandakanya no-hulumeni wethu naphakathi kwethu ezindaben ezi-sema-theni zosuku. Sinomphakathi ophaphe me ohlezi ume ngo-mumo ukuvikela inkululeko namalungelo ethu ayisisekelo.

Okunye kokunqoba kwentando yeningi yethu ukuthi wonke umuntu waseNingizimu Afrika uyakholwa ngukuthi uMthethosisekelo uyabavikela nokuthi izinkantolo zinobu- lungiswa futhi zingumahluleli ongathathi icala obhekelle okudingwa yibona.

Ngicabange ngalezi zindaba ngesikhathi ngivakashele e-Mpumalanga Kapa maduze nje ukuyohlol uku-zilungiselela kwesifundazwe ukubhekana negciwane le-corona.

Ngabuzwa intatheli ukuthi ngabe ngikhathazekile yini ngombango wamacala okhona okuphosa inselele ekuhlinze-kweni koMthetho Wokulawula kweNhlekele. Lomthethouyi-sisekelo sayo yonke imithetho-

nqubo eyamenyezelwa ngaphansi kwasimo senhlekelele sikazwelone eyethulwa uku-lwa negciwane le-corona.

Selokhu kwaqala lolu sizi, abantu abanigi basebenzise ilungelo labo lokuya ezinkantolo. Imithetho-nqubo yokovalwa kwezwe yaphoselwa inselele ngeviki lokuqala ngqa lokuvalwa kwezwe yisakhamu-si saseMpumalanga esasifuna ukukhululwa eku-nqatshelweni ukuhamba ukuze sikhazi ukuhamba siye emngcwaben.

Emavikini ayisikhombisa alandela, sekube nezinselele zomthetho ezibuya kubantu abanigi, izinhlangano zen-zenkolo, amaqembu epolitiki, ama-NGOs nasezinhlanga-nweni zamabhizinisi ezilwisa isinyathelo noma eziningi zokuhlinzekwa kokuvalwa kwe-zwe abebengathokozile ngazo. Abanye baphumelele kulezi zinselelo zabo abanye abaphumelelanga. Abanye baye ezinkantolo ngokubhekela ukuphuthuma kodaba lwabo lapho abathole impikiswano yabo ephuthumayo isichithwa enkantolo futhi abanye bathola ezinye izindlela zokuhulu-leka abebekufuna. Abanye bazi-hoxise ngokulandelana izicelo zabo kulantela ukubonisa nohulumeni.

Ngesikhathi singancamelia ukugwema isidingo sokutha-thela uhulumeni izinyathelo zomthetho, kumele samukele ukuthi izakhamu-si ezingathokozile nanoma yikuphi uhu-lumeni anqume ukukuqalisa zinelungelo lokuya ezinkantolo ukuthola nanoma yikuphi ukukhululeka ezikufunayo. Lona ngum-gomo ojwayelekile wentando yeningi yomthethosisekelo futhi kusinikeza ukuqonda okusa-balele ngezindaba okukhulu-

kelekile ezweni elinesisekelo sokubuswa ngomthetho.

Sibeke ngomumo izinqubo ezzogwema amaphutha ukuqinisekisa ukuthi zonke izinhlaka zikahulumeni ziya-kwazi ukumelana nokuhloli-siswa ngokomthethosisekelo. Lapho sitholakala khona sifuna, siyobekwa icala izinkantolo zethu futhi, ngaphezu kwakho konke, yizakhamu-si zakithi. Ngaphandle kwezinkantolo zethu, UMvikeli Womphakathi kanye Nekhomishana Eye-nigamele Amalungelo Omphakathi waseNingizimu Afrika bakhona ukubeka phambili amalungelo ezakhamu-si, kajalo nezinhlangano ezi-jutshwe ngokubhekela amaejensi ezomthetho.

Njengoba ngatshela intatheli,

wonke umuntu waseNingizimu Afrika unelungelo lokuya

ezinkantolo ngisho nami,

njengoMongameli, angeke

ngama endleleni yanoba ubani

osebenzisa lelo lungelo.

Sekube, futhi kuzoqhubeka kuge khona, ukugxekwa oku-

nambla nokushayisana nge-

zindlela eziningi zikazwelone

zokubhekana negciwane

le-corona, kusuka ekucuba-

nguleni imininingo nokulinga-

nisela, kuya kwimiphu-

mela yomnotho ngenxa

yokuvalwa kwezwe, kuya

kwimithetho-nqubo. Njengohulumeni asifuni ukuthi

lokhu kugxeka kuge nentu-

kuthelo noma kuthuliswe.

Ngakoluhle uhlangothi,

ukugxeka, ngokwakhayo, ku-

siza thina ukuthi sivumelan-

futhi siqhubek masinyane

futhi kalula ekubhekani-ni

nokushintsha izimeko nezimo.

Kucebisa inkulomo-mpiki-

swano yomphakathi futhi

nywa ngazo.

Ngokungashintshi silokhu

sithembele kulwazi lwezes-

yensi, lwezomnotho kanye

nolwazi esiluthole ngokubona

okwenzekayo uma kumele

sithathe izinqumo nokusun-

gula imithetho-nqubo

ukuze sibhekane negciwane

le-corona. Okukhulu kakhulu

esingakwenza ngaphansi kwa-

lezi zimo ezinzima, sihlo-

ukubonisana nokuxoxisana.

Sifuna bonke abantu baseNi-

ngizimu Afrika babe yingxe-

ne yalo mzamo kazwelone.

Imibono yezakhamu-si zakithi

kumele iqhubekile ilalelw nge-

sikhathi esinzima njengalesi.

Ubhubhane lwegciwane

le-corona kanye nezinyathelo

esizithathile ukulwa nalo

sekulethe umthwalo kubantu

bakithi. Sekudale ukuphaza-

miseka okukhulu nobunzima.

Yize singayikhomba inqube-

kelaphambili esesiyyenile eku-

bambezeleni ukubhebhethka

kwegciwane, iseyinde indlela

esisazoyihamba. Amaviki

nezinyanga ezizayo zizoba

nzima futhi zizofuna oku-

khulu ebantwini bakithi.

Ubhubhane luzoqhubeka

lubeke ubunzima obukhulu

emphakathini wakithi nasezi-

khungweni zethu. Noma siva-

la kancane kancane umnotho,

umthelela ezimweni zezinto

zabantu uzoba mkhulu. Uma

kuzobe kusasenjalo, amathuba

okungqubuzana, ukungezwa-

ni nokungagculiseki kuzohla-

kukhona.

Njengoba sisesiziben

esimanlonzo, uMthetho-

sisekelo wethu yiwona

nkombandlela yethu

ebalulekile futhi ney-

gugu lethu lokuzivikela.

Intando yeningi yethu ena-

mandla ihlinzeka amandla

kanye nokuqina esikudingayo



Ukuvalwa kokuthengiswa kukagwayi kuzovikela impilo yabantu abaningi

**Silusapho Nyanda**

Abantu ababhemayo asebesuleleke ngegciwane le-corona (i-COVID-19) base-ncupheni yokuhlaselwa izimpawu zaleli gciwane ezinobungozi kakhulu.

I-COVID-19 iyigciwane elihambisana nenkinga yokuvaleka kokuphefumula. Ngakho-ke, abantu ababhemayo bangaba sengozini ephindaphindekile yezimpawu ezibucayi ukwedlula abantu abangabhem, ngokusho kuka-Dkt. u-Catherine Egbe, oyinju-labuchopho kuMkhanlu WaseNingizimu Afrika Wocwaningo Kwezokwelashwa kophuzo oludakayo, ugwayi kanye nezinye izidakamizwa.

U-Dkt. u-Egbe uthi ukubhema kwaziwa njengenye yezinto ezidala izifo eziyi-mbelesela kanti ezinye zazo zithintana ngqo nezimpawu ze-COVID-19.

Okubandakanya:

- Isifo somdlavuza
- Isifo senhliziyo nesifo sohlangothi
- Isifuba somoya
- Isifo sikashukela

"Nakuba ukubhema ugwayi kungeke kube yiyona ndlela ngqo engenza lowo obhemayo ukuthi abulawe i-COVID-19, kodwa ingadala izindlela ezisecelei njenqoba ababhemayo bevame ukuba nezifo ezigcina zenza ukuthi umuntu osesuleleke ngaleli gciwane ashone," kusho yena.

Ukwengeza kulokhu, ukubhema ugwayi kubulala inqwaba yezitho zomzimba wakho futhi ngokuvamile uma sezifile umzimba awubi namandla anele ukulwa nezifo.

U-Dkt. u-Egbe uthi ukubhema ugwayi kukhiqiza amakhemikhali angaphe-zulu kwezi-7 000; kanti angama-250 ala makhemikhali aseqinisekiswe njenganobungozi emzimbeni womuntu. Kusenjalo nje, kula makhemikhali anga-

ma-250, angama-69 awo aziwa njengesisusa somdlavuza. Kanti konke lokhu kube sekunciphisa impilo yalowo obhemayo kanye nabanye abdlala izindima ezahlukahlukene.

U-Dkt. u-Egbe uthi ngaphandle kobungozi obuza ngqo nokubhema, ugwayi uvame ukwatshelwana phakathi kwabangani kanti lokho kubhebhethethisa ukuthelelana komphakathi ngaleli gciwane.

"Khumbula ukuthi,

abantu baye bayalwa ukuba bangazithinti emlonyeni, ekhaleni kanye naseme-hlweni. Nokuyaye kuthi uma umuntu ebhema, bese eyahluleka ukulandela lowo mkhuba wenhlanzeko," kusho u-Dkt. u-Egbe.

Njengoba sisezweni elinezinga eliphezulu legciwane leSandulela Ngculazi/ neNgculazi, i-TB, ukusetshenziswa kwezidakamizwa kanye nophuzo oludakayo ezindaweni zakithi, u-Dkt. u-Egbe uthemba ukuthi uhulumeni wenze izinto ngendlela eyiyo.

Uthi uhulumeni usebenzisa ulwazi analo ukughubekela phambili noku-vikela iNingizimu Afrika ekutheni ibhekane nalezi zigameko esizibone zenzeka emazweni afana ne-Italy.

"Akusikho ukuvalwa kwangunaphakade; abantu kufanele bakukhumbule

lokho," kusho yena.

Sikhulumu nje manje, iNingizimu Afrika inemishini esiza ukuphefumula eminca-ne kanti uma ngabe abantu abaningi bengadinga usizo lwemishini yokuphefumula ngesikhathi salolu bhubhane, izwe lizozithola lisenkingeni futhi lingakwazi ukusiza labo abadinga usizo.

"Sedlula kancane nje kwizi-3 000 zemishini esiza ukuphefumula esinayo. Uyacabanga-ke uma labo abaneminyaka engaphezulu kwama-65 ubudala bebhema, bengadinga imishini esiza ukuphefumula. Lokho kusho ukuthi sizodinga imishini esiza ukuphefumula engaphezulu kwezi-10 000 ezosiza lelo qeqebana kuphela. Kanti konke lokhu kuyingxene yalezi zinto uhulumeni azama ukuzigwema. Siyethemba ukuthi abantu bazobona kuyisizathu esihle ukuyeka ukubhema," kusho yena.

Imibiko eyengeziwe izosakazwa yi-sanews.gov.za

Uthi bewazi ukuthi?

- Ungashayela Umkhandlu Olwisanu Nokubhema Ku-zwelonke (i-National Council Against Smoking) kule nombo: 011 720 3145 ukuze uthole usizo lokuyeka ukubhema.
- INhlangano Yomdlavuza yaseNingizimu Afrika (i-Cancer Association of South Africa) yenza izinhlelo ezenziwa ngobuchwepheshe, nezinikeza ukweseka kanye nolwazi kulabo abafuna ukuyeka ukubhema kanti lezi zinhlelo ziyatholakala ku: <http://www.ekickbutt.org.za>.